


Kwesukela, kwakukhona
amabhele amathathu:
uBaba-Bhele, uMama-Bhele
kanye noMntwana-Bhele.
Babehlala endlini
encane ehlathini.



Ngelinye ilanga uBaba-Bhele
wathi, "Leli phalishi
lishisa kakhulu.
Masihambeni sizulazule nje
ngenkathi lisaphola."



T2_5 Goldilocks_big book_Z.indd 2
2021/11/04 21:54



UGolido naye wayezulazula.
Wabona indlu yamabhele.
Wangqongqoza, wavula
isicabha wangena
ngaphakathi!



T2_5 Goldilocks_big book_Z.indd 3 2021/11/04 21:54



UGolido wawanambitha wonke amaphalishi. Walala kuyo yonke imibhede. "Ngiyawuthanda lo mbhede," kusho yena. "Ulalisana kahle impela." Wazumeka uGolido.



T2_5 Goldilocks_big book_Z.indd 4 2021/11/04 21:54

Abuya womathathu amabhele.



Ngubani odle iphalishi lethu?" ebuza ethukuthele.

"Ngubani obelele emibhedeni yethu?" kubuza uMntwana-Bhele.



"Yilona!"



T2_5 Goldilocks_big book_Z.indd 5 2021/11/04 21:54



UGolido wethuka kakhulu!
Wagxuma embhedeni
wabaleka ngejubane elikhulu.
Amabhele awaphindanga
ambona futhi.



T2_5 Goldilocks_big book_Z.indd 6 2021/11/04 21:54

